Speech by Mayor Zandile Gumede at Amaoti Church (ichibi) during Inkonzo kaJuly

Protocol:

- The Late Bishop Baba and Mama Masango
- Archibishop Baba Matsoso and Mama Matsoso
- Bishop Gogo Majolo nabobonke oBhishophi,
- Abefundisi nebandla lonke,
- Ulusha,
- Usonto skole,
- Umphakathi namaKhansela akhona aholwa uBab Qhantsi,

Siyanibingelela egameni lenkosi, amen bathandekayo. Sithanda ukuthatha lelithuba sinibonge ngokusimeme ukuba sihlanganyele kunye nani kwiNkonzo ebalulekile kaJulayi.

Kuyisibusiso ukubakhona phakathi kwenu, sizizwa sivuseleleka futhi sivikelwe imithandazo yenu. Siyazi ukuthi njengebandla niyasikhulekela ngisho singekho phakathi kwenu. Ngesonto elidlule beseNgekho siseGoli kumhlangano wokudingida nokuxoxa ngemigomo kaKhongolose Kanye nezwelethu. Sikwazile ukuvumelana ngokuningi, ngisho sesibheke emakhaya akuzange kubekhona izigameko, lokho kusho khona ukuthi nina njengabazalwane niyasikhulekela. Siyanxusa ukuba ningaphezi futhi ningakhathali ukusikhulekela, imithandazo yenu iyafinyelela ezulwini.

Thina njengoMkhandlu oholwa uKhongolose sikubeke eqhulwini lwezinto ekumele sizenze okufakwa ukubuyiswa komhlaba Kanye nokuguqulwa komnotho. Kungezinye zezinto esithe ngeke sithule ngazo ngoba selokhu kwabakhona inkululeko abantu bakithi bayahlupheka ngoba umnotho wethu usasezandleni zabamhlophe. Umnotho wethu uqgoqgobelwe abebala elimhlophe qhwa, yilokhu esikubiza nge-WHITE MONOPOLY CAPITAL. Sithe lokhu, kuzomele kushintshe.

Inkululeko esayithola ngo1994 isilethe impilo engcono ezindaweni eziningi. Amanzi, ugesi, imigwaqo nezinsiza eziningi zilethiwe kubantu.

Inkululeko ilethe nemfundo engcono ezinganeni, kanye nezikole okufundwa mahhala kuzo ukusiza abazali abantulayo.

Izingane zithola ukudla ezikoleni ukuze zifunde kahle zingalambile. Eziningi izingane zifunda ezinkulisa ezixhaswe uhulumeni.

Konke lokhu kukhombisa khona ukuthi ngempela iNingizimu Afrika isingcono kakhulu manje kunaseminyakeni yengcindezelo.

Uhulumeni wabantu ubuye akhiphe imali yezibonelelo esiza izingane, ogogo nomkhulu kanye nabakhubazekile. Imindeni eminingi iphila ngalemali ngenxa yokwentuleka kwemisebenzi. Futhi siyaqhubeka nokusiza abampofu, uMama uBathabile Dlamini ukuqinisekisile ukuthi izimali zabantwana nogogo aziphazamiseki.

Uzoqhubeka uhulumeni we-ANC nokubambisana nabantu ukuze isimo sempilo sibengcono kubantu bonke ezweni.

Sifuna ukugcizelela namhlanje ukuthi uma uhulumeni engakafiki endaweni yakini nezidingo, bekezela. Uhulumeni uzogcina efikile nempilo engcono.

Sengiya ngasemaphethelweni, ngithanda ukusho ukuthi:

Inhloso yethu njengohulumeni oholwa uKhongolose ukuthi abantu baphile kangcono, bahlale ezindaweni ezinezidingo – ugesi, amanzi, imitholampilo, imigwaqo, izikole kanye nokuphepha kuphele ubugebengu.

Asisoze siphumule uma kusekhona abantu abalala bengadlile, abahlala ezindaweni ezingaphephile, abangenawo ugesi namanzi nezinye izidingo.

Kuningi osekwenziwe uhulumeni kuningi esizokwenza. Simemezele iBudget

Sithi komame masiwabenzise lamathuba afika nohulumeni, sixoshe indlala. Masakhe izakhiwo ezibizwa ngama-cooperatives silime, sidayisele uhulumeni, sixoshe nendlala emakhaya.

Akufuneki ukuthembela kuhulumeni kuphela. Amathuba avulekile manje okusebenza siziphilise. Akhona amathuba esiwamemezelile emkhandlwini weTheku oholwa uANC, sicela nithintane namakhansela namahhovisi omkhandlu uze nisizakala. Sengisonga, ngithanda ukumemezela amathuba akhona kuMaspala weTheku:

- Zibambele Poverty Alleviation at a cost R93 million with over 6 500 jobs opportunities
- Sihlanzimvelo Stream Cleaning at a cost of R21 million and over 500 jobs created (wemihhosha)
- 943 plumbing contractors to undertake water related services.
- 366 Community Based Contractors employing about 1770 people for Refuse Removal services (ukuhlanza izindawo nodoti)
- 140 Community Based Contractors utilised in the roll out of rural water and sanitation projects (osonkontileka be
- 31 graduate engineers employed under the Water mentorship program
- 1250 caretakers employed at ablution facilities
- The EPWP for 2017/18 is R66.7 million – work opportunities estimated at 23,484
- Maningi amathuba akhona futhi amanye asazovela

Okunye okubalulekile, sifisa ukuthi ibandla libambisane nathi ekulweni nokuhlukunyezwa kwabesifazane. Siyanxusa isizwe sonke ukuthi sibambisane nabomthetho ukulwa nalesisihluku kanye nobulwane obubhekiswe kwabesimame kanye nezingane. Uma sibambisene, sizokwazi ukubhekana nalenkinga siyinqobe.

Uhulumeni uyaqhubeka nokusebenza kanzima ukulungisa izimpilo zabantu. Abaningi sebekutholile ukusizakala. Siyazi futhi ukuthi baningi abasalinde izidingo nempilo engcono.

Ngeke siphumule uma impilo yabamnyama, ababecindezelwe, ingakafiki esimweni esigculisayo kwezomnotho nasekuhlaleni.

Sengihlala phansi, ngithanda ukusebenzisa lelithuba sigxeke isenzo sokushiswa nokubulawa kwempahla umangabe abantu bebhikisha. Asifuni ukubona kushiswa izakhiwo zohulumeni ezakhelwe ukusiza umphakathi umangabe iqeqebane labantu lidiniwe. Asifuni ukubona abantu betapa ezitolo umangabe kukhona imibhikisho.

Thina njengomkhandlu, siyazwelana nezikhalo zabantu futhi siyaziphendula kodwa kusiphatha kabi abantu umangabe sithi siyabaphendula bengezi kuthina bavele bangene ezitaladini. Siyacela ukuthi singavumi ukusentshenziswa abantu abanezinhloso zabo esingazazi.

Siyanithanda, siyanakekela njengohulumeni. Siyawahlonipha wonke amabandla nezinkolo ezikhona eNingizimu Afrika. Thina njengo-ANC sasungulelwa esontweni yingakho singeke savuma ukwehlukaniswa nenkonzo.

Inkosi inibusise,syabonga ithuba.